ISIMEMEZELO SOHLELO OLUSAVIVINYWA LOKUFAKWA KWEZICELO ZOKUGUNYAZWA: UKUGUNYAZWA NGOKOLWAZI KWABASEBENZA NGOLWAZI LWENDABUKO EMIKHAKHENI YOBUNYANGA, UBUNGOMA NOWOKUBELETHISA NGAPHANSI KOHLELO LOKWAMUKELA UKUFUNDA KWAPHAMBILINI – KWAZULU-NATAL

Ukugunyazwa ngokolwazi lwabasebenza ngolwazi lwendabuko esiFundazweni saKwaZulu-Natal emikhakheni emithathu okungowobunyanga, ubungoma nowokubelethisa ohlelweni olusahlolwa laKwaZulu-Natal kulemikhandlu yoMaspala Zululand, Mkhanyakude, Harry Gwala ne Ethekwini olulindeleke ukuba luqale kusukela kuNdasa kuya kuMbasa wezi-2022.

Imininingwane Yokufaka Izicelo

Izicelo zokuguyazwa ngokolwazi kwabasebenza ngolwazi lwendabuko emikhakheni yobunyanga, ubungoma nowokubelethisa zizovulwa kusukela ngomhla lu-1 kuNhlolanja wezi-2022 kuya kumhla we-28 kuNhlolanja wezi-2022. Amafomu okufaka izicelo atholakala futhi abuyiselwe lapha (Ehhovisi lamakhosi esifunda- COGTA district offices) Olunye ulwazi luzotholakala kuNks Nompilo Myende ku-Myenden3@ukzn.ac.za,noma 0312607328.

Imibhalo Edingekayo Yokweseka Isicelo

Okulethwayo kufanele kube nalokhu okulandelayo:

(a) Ifomu eligcwaliswe ngokuphelele.
(b) Incwadi ekwesekayo ebhalwe umholi womphakathi/onegunya.
(c) Incwadi eyesekayo ebhalwe abalapho ofaka isicelo aqeqeshwa khona NOMA incwadi efungelwe ebalula ukuqeqeshwa okutholakele eveza igama likaGobela/Umqeqeshi, Usuku, Indawo, neNdawo lapho owaqeqeshelwa khona.
(d) Incwadi eyesekayo ebhalwe yiNhlangano oyilungu layo.
(e) I-CV efingqiwe.

Ukulungiselelwa Kokuhlolwa

Ikomidi le-RPL lizolungiselela ukuhlolwa kwabafake izicelo ngokuhlunga izicelo ezifakiwe, abafake izicelo bazocelwa ukuba balethe eminye imibhalo nemininingwane engakalethwa. Ikomidi i-KZN RPL Pilot Steering Committee lizobheka izicelo eziphelele, limeme abafake izicelo ukuze bazohlolwa amakhono.

Ububanzi Bokuhlolwayo

Abafake izicelo bazogunyazwa ngokwamakhono nolwazi lwabo emikhakheni (ubunyanga, ubungoma nowokubelethisa) abafake kuyo izicelo. Ukugunyazwa kuhlelwe ngendlela ehlola ukusebenza kohlelo olusha lokugunyaza labo abaphothulile ukuba badlulele ekubeni abasebenza ngokwamukelekile emikhakheni yabo uma uhlelo seluvunyelwe ukuba lusebenze kuzwelonke ngokuhambelana nomthetho i-IK Act nemigomo yayo. I-KZN RPL Pilot Steering Committee izobona ukuba ofake isicelo uyakufeza konke okubekiwe ngokolwazi emkhakheni othintekayo emuva kokuhlolwa ikhono. Okuhlolwayo kuhambelana nolwazi lobuchwepheshe, okungumongo nolwazi lokusebenza ngokomkhakha ngamunye, futhi abafake izicelo balindeleke ukuba bakhombise ulwazi lwabo, amakhono namava emkhakheni othintekayo.

Amakhono Ngokobuchwepheshe:

1. Ulwazi lwezindlela zesiNguni zokwelapha namakhono (isibonelo, imigomo nokuyinqubo okungaphakathi endleleni yokwelapha).
2. Umlando (iminyaka engaphezulu kwemithathu yokusebenza emkhakheni) - ulwazi lobungoti lomkhakha nokuqonda ngomunye umkhakha owodwa (i.e. inyanga, isangoma noma umbelethisi).
3. Ukuqonda okufanele ngezindlela zomdabu zokwelapha eNingizimu Afrika.

Amakhono Ngokungumongo:

1. Amakhono(ububanzi bolwazi, inqubonhle, ukusebenza ngendlela efanele, izibophokubuka, ukuxazulula izinkinga) aqondene nomkhakha ofakelwe isicelo kuphela.
2. Ukuqonda ngemithetho yezwe, ikakhulukazi leyo ehambelana nezezempilo.
3. Ubulungu obuphelele enhlanganweni ofaka isicelo ayilungu layo noma emphakathini ahlala kuwo.

Amakhono Okwenza Umsebenzi:

7. Amakhono okusebenza nabantu (ukuxhumana, ubuholi, ukusebenzisana) asebenza ngqo emkhakhakheni ofakelwa isicelo

NB: Kuzothintwa labo abazohlolwa ikhono kuphela.

For Enquiries Only contact Nompilo Myende

0312607328 | Myenden3@ukzn.ac.za

Disclaimer

The UKZN and DST makes no representation, warranty, assurance, guarantee or endorsements to applicants concerning this Call for Nominations, whether in regard to its accuracy, completeness or otherwise and the UKZN and DST shall have no liability towards the applicant or any other party in connection therewith.

.

Abafake isicelo bazozilungiselela okokuhamba.

Ngosuku lokuhlolelwa Ukugunyazwa:

- Abafake isicelo kufanele bafike kusasele imizuzu eyi-15 ngaphambi kokuqala kokuhlolwa ukuze kulungiswe ezokuphatha nokubhalisa.
- Abafake isicelo bazodingeka ukuba baveze omazisi nomyalezo noma u-WhatsApp oveza iminiingwane yokuhlolwa kwabo.
- Abafake isicelo kufanele basayine ohlwini lwabakhona ngosuku lokuhlolwa.

Umphumela Wokuhlolwa

I-KZN RPL Pilot Steering Committee izokwazisa wonke ohloliwe ngomphumela wokuhlolwa kwakhe.

Ukuvikelwa Kwemininingwane Yabantu

Uhlelo lwe-RPL lokuhlola ukusebenza luzoqoqa futhi luhlele imininingwane ethize yalabo abafake isicelo ukuze kubhekwe ukufaneleka kwabahlolwayo ukuze bagunyazwe ngokwezindlela zokuhlola ezibekiwe;

- ukuhlola nokuhlulela abafake isicelo ngokuhambelana ngemigomo nezinqubo zolwazi;
- ukwazisa abafake isicelo ngemiphumela yokuhlolwa.

Inqubomgomo Yezokuvikelwa KwemiNininingwane Yabantu yaseNyuvesi YaKwaZulu-Natal izosebenza.